

UQalazile wayefuna
ukuyodlala ngaphandle.
"Umoya uyavunguza futhi
kuyabanda," kusho uMama.
"Kufanele ugqoke ufudumale."



UQalazile wafaka ijakhethi yakhe ebukhwebezane. “Nasi isigqoko sakho sewuli sokufudumeza ikhanda,” kusho uMama.



T2_3 The Beanie Nest_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:44



Waphumela ngaphandle uQalazile. Umoya onamandla waphephula isigqoko. Wazama ukusibamba, kodwa saphephukela kude.



T2_3 The Beanie Nest_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:44



Wagijima waya ekhaya wayobikela umama ukuthi isigqoko sakhe sewuli siphephukile. "Ungakhathazeki, Qalazile. Mhlawumbe kukhona ozositholo asisebenzise."



Emva kwezinyanga ezinhlanu
kwahluma amacembe amasha
ezihlaleni, kwafudumala.
“Yintwasahlobo!”
kusho uQalazile.



T2_3 The Beanie Nest_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:44



UQalazile nomama wakhe bakujabulela ukuthola ukuthi inyoni seyiphendule isigqoko saba yisidleke esifudumele samaphuphu ayo.



T2_3 The Beanie Nest_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:44

